
Emfuleni othile kwakuhlala ingwenya enkulu. Igama layo kwakunguMehlomabi. UMehlomabi wayenesizungu. Lomfula wawuhlala uthule.






Waxosha zonke izilwane ukuze aphuze yedwa emfuleni.

Wayethanda nokuchukuluza ezinye izilwane.

Emini wayethanda ukuhlala edwaleni athamele ilanga.

Ashanele umhlaba ngomsila wakhe.





Ebusuku, izilwane zanyonyoba zifuna ukuphuza amanzi.

UMehlomabi wazibona, wazama ukuzibamba.

Izilwane zathumela UNgungumbane ukuba ayokhulumisana noMehlomabi.

Zazifuna ukuxolisa kuMehlomabi.






Zavumelana ukuthi zikhulumisane naye.

UNgungumbane watshela uMehlomabi ukuthi kufanele zonke izilwane eziseduze nomfula zabelane ngalamanzi.

UMehlomabi akavumanga.

UMehlomabi wathi, “Akwaziwe nguwonke wonke. Ngiyinkosi yomfula. Akekho ozophuza emfuleni wami.”

UNgungumbane waphindela emuva ezilwaneni ephatheke kabi.





UNgungumbane wabuya nombiko. Wazitshela ukuthi uMehlomabi uyaqhubeka ngenkani yakhe.

Izilwane zahlela ukuthi zenzele uMehlomabi ugibe.

Ngalolo suku ekuseni, uMehlomabi wabambeka ogibeni.

UMehlomabi wabona igundane ehlathini. Wacela igundane ukuba linqamule inethi. UMehlomabi wazama ukubaleka.





Ezinye izilwane zambona ebaleka uMehlomabi, zambamba zamuyisa enkosini uNdlovu.

UNgungumbane wabika uMehlomabi enkosini.

Wathi, “Nkosi Ndlovu, impilo ende! UMehlomabi akasivumeli ukuphuza amanzi emfuleni.”

UMehlomabi wayethuke kakhulu.





Inkosi yathi, “Mehlomabi, unonya. Namhlanje akube okokugcina unqabela ezinye izilwane ukuphuza amanzi emfuleni. Angisoze ngavuma ukuthi uhluphe ezinye izilwane embusweni wami.”

Inkosi yayiphatheke kabi.

Yathi, “Nonke ningabami. Zonke izinsiza embusweni wami kufanele zisize sonke.”

UMehlomabi wazisola ngalokho akwenzileyo.





Ingwenya uMehlomabi wazibona enephutha.

Wacela intethelelo ezilwaneni.

Izilwane zaqala ukudingida loludaba.

Zavuma ukumthethelela.

Kusukela ngalolo suku, izilwane zaphila kahle ngokujabula.

Zonke zaphuza emfuleni zikhululekile.

